## U-MAFUKUZELA.

Ngazisa zonke izihlobo zami ukuti uma uNkulunkulu esavuma ngiqonde ukuwela ngiye eNgilana emva kwama Sonto amane noma ayisihlanu. Ngiqonde into yinye kona ukupila kwami engikunile kuyo ukuba ngiyokonzela imfundo yohlanga. Ngikufumana kuyinto elukuni ukuquba umsebenzi njengoba ku funele ngiwuqube ngenxa yokweswela imali. Abantu abamhlope nabamnyama base South Africa abakabi sesikundhleni sokungisekela ngokuhlaba umxwele. Bona impela bayayenza imizamo, noko izwe eliselisha lingefane namazwe amadala lapo abantu sebekuqonda ukuti ukufundisa abantu yinto enkulu. Singamemeza kuze kushone ilanga siti sifisa loku nalokuya, kodwa nxa singefundile asinakupumelela. Ngako nababe iloku bekomba kimi beti angi bahole kwe zama politics kusa ngi batshela ngiti qabo, amandhla omuntu oyedwa alingene loko angakwenza kube kunye. Kade ngigxamalazile ngi umfundisi, ngi kuluma ezombuso ngipete ezemfundo kepa konke loku kucitshe kwa ngibulala, ubufundisi be bandhla laSe Nanda se nga bnyeka noko ngisebe nza kuze kube pakati kobusu ku kuwona lo wemfundo no wepepa nokunye engizama ukusiza abantu bakiti ngako ukuba bapakame kulesi simo.

Ngitanda nazi ngokusobala ukuba ukuwela kwami kuqonde into yinye zwi, ukukonzela imfundo ya Bantu. Imiqondo yami ngayo impambili kakulu, esengikwenzile yize nje, kunengifisa ukukwenza. Kunzima kakulu ukushiya umsebenzi wami, no muzi wami, ngihambe wonke unyaka ngedwa nginesizungu, ngiyoqala abantu abanga ngaziyo ngifuna imali yabo, ukuba befundise abantu ngayo; pezu kwalobu bunzima ngikete ukuhlupeka ukuze ba be kona abohlanga lwetu abongenwa umoya wami batande ukupulelwa ukujabula nokuhlala kokuhleleka, behlose ukuba iningi livuswe ebutongweni bokungazi.

Kodwa umsebenzi lo esengiwuqalile awusoze wafa, noma mina ngihambile noma mina ngofela ezizweni. Izisekelo zawo zi qinile. Ama Trustees awo amadoda amabili amhlope namanye amnyama. Bakona ao Mdima beno Charles Dube.

Bakona ao Nteta inkunzi yase shabu lokubaza nekolukanda izinqola. Ngiweliswa yiko loko njalo ngoba kuhamba ngokutetema ngenxa yokweswela yonke imisebenzi emalungana nako. Ngifuna u Nteta efundise ukukanda intsimbi nemishini, abe kona owoku baza amapulangwe. Ngifuna kube kona abafundisa ukwaka ngamatye nesitini. Konke loku kudinga imali eningi.

Bakona o Mr. Meyer, umfundisi wokulima. Ngihanjiswa uye njalo ngoba zonke izinhlobo zama geja okulima nawo kuhlakula. awako, haye usebenza kalukuni. Ngoze ngife ngi ngamkohlwanga umtaka Molo owenza uMbuso ulete le ndoda ezo qalisa omunye wemisebenzi edingeka pambili kubantu bakiti ukuba befunde ukwenza umhlaba unike izitelo zawo ngokupindiwe. Sonke sisenalo ilungelo loku lima, kepa asikwazi.

Bakona abanye otisha bokukalipisa imiqondo yabafana. Ngako angesabi ukuti loku okukona kuyo kwenyela ngo ku hamba loku engihlose ukukuhamba.

Inte engiyicela kinina bantu bakiti ngiti ngipeni izinyawo zoku hamba. Ngifuna £50. opondwe aba amashumi ayisihlanu bendhlela. Inkonzo eyenu ndhlu emnyama. Zonke lezizinto ngizifisela abantwana benu. Akube ileso sihlobo sika Mafukuzela sikipe upondwe. Nxa kukona abangamashumi ayisihlanu abatanda ukubona inqubeko yabantu lingati lipela isonto liliuye lezo zinyawo zibe seziqoqene, u Mafukuzela angene olwandhle. Pela nabanamandhla amafupi kunopondwe so jabula nxa bebonakalisa utando lwabo. Amabizo abanikeleyo ayovela lapa epepeni. Ngi funa ukwenza isikole sas'Ohlange kube isikole lapo yonke into engefundwa iyotolakala. Ngi nciyeme ku Nkulunkulu yena otinta izinhliziyo za bantu ukuba bangi sekele. Ningitandazele bantu!

Njengokuba lendaba ipume epepeni elidhlule, kusaponse umnumzana munye zwi uMr. Mlondolozi Msomi wase Groutville, uhlamvu luka pondwe, uti pambili Mafukuzela. Noko sisemi isibindi siti isazuza, inkonyane izoyilahla pantsi. Angazike zintsizwa ezinkulu ezise Jozi. Holani!

## IZINDATYANA NGEZINTO NABANTU.

E Tekwini ipoyisa libone umuntu oweqa ejele, lamsukela, wakipa ivolovolo walidubula inhlamvu yashaya umuntu wepoyisa yawu viva, noko lambamba, lamehlula, ute lapo esepenywa enkantolo kwafunyanwa kuye izihlutulelo eziningi nesisweny a se zinhlamvu ze volovolo. Ku bonakala ukuba isigelekeqe esidala.

—o—

Owesifazane obenza utywala eTekwini uhlauliswe £8, nxa engenaye izinyanga ezine ejele. Kuzwakala ukuti peza komteto omusha lo ose ukona, abanye abayeki ukwenza utywala. Isalakutshelwa sizwa ngomopo.

—o—

Ibandhla lompakati wase Natal manje lifike endabeni elukuni mayelana nokuhlanga kwezwe. Badinwa ukuba iTransvaal inikeze ama Putukezi amalungelo ancono kune Natal ekuyiseni impahla eJohannesburg.

—o—

Kubulelwe abantu aba izi 5,000 eAdana, ezweni lama Turks. Sengati kuzoba kona impi.

—o—

U Dinuzulu ukishiwe esikundhleni sake sokuba inkosi yas'Osutu. Loko kubonakele epepeni lako Mkulu, kubhalwe uMbusi uSir Matthew Nathan, eti nobukosi bapesheya buvumile.

—o—

Ibili lomteto omusha wokupata abantu, indhlu emnyama eya ilala livunyiwe pesheya, loko kubonakele epepeni lako Mkulu.

—o—

Izwi Labantu, ipepa lamaXosa ebelishicilelwa eEast London, uMhleli kungu Mr. Soga, ngesonto elidhlulileyo linqamukile ukupuma. Isizatu esibange loko ukweswela imali. Nako pela ndhlu emnyama ukuqubeka enikufunayo, imisebenzi yenu niyipete kabi.

—o—

Asazi ukuba abantu bangenwe yini ngalezi zintsuku. Kubikwa ukubulalana yonke indawo, amapoyisa ehla enyuka efuna lezo zilelesi.

*Ayi muhle lendaba!*

—o—

E Jansenville kutiwa kukona isigebengu esebe imali yomlungu ePretorius Kraal, ka Mr. Jan. Fouche. Imali leyo ibi vamise opondwe ibizinkulungwane ezimbili namakulu amane namashumi amabili nesikombisa opondwe. Nxa singezubanjwa, soze sife singa sasebenzanga lesi sigebengu.

—o—

E Turkey izwe limi kabi, kuyadutshulwana. Kwabulewe kukona abefundisi ababili base Meleka.

—o—

Inkosi uEdward VII nenkosikazi uAlexandra, bashaywa umoya emkunjini ohamba olwandhle lwase Mediterranean.

—o—

U-Mafukuzela ubesonte e Groutville, emva kokuba ebekade eshumayela eSontweni; kubutane amadoda ao Messrs. Nyongo, Mlondolozi Msomi, Nzama, J. Nxaba, M. Ntuli, nezintsizwa nezintombi, endhlini yomkwenyawabo u Geo. Nxaba, bamenzela i reception enhle, intsha yacula amagama amnandi. Wabona naye ukuti maningi amapimbo amnandi kwa Grout. Ukuqubeka loku lapo abantu sebepatana ngendhlela enje.

—o—

Abe Sutu bayakala bati lesi siseko asiqondile inhlala kahle yabo bona bafisa ukupatwa pesheya.

—o—

U Dinuzulu ubekishiwe ejele eye kofakaza ecaleni labantu okutiwa babulala umuntu kwa Zulu. Bati usapile kahle noma kambe ezacile kunesikati sokutetwa kwecala lake. Abe Times, bebefuna ukuzwa ezipatimandhleni ukuti bazommangalela yini ngobufakazi obupate yena ecaleni lokubulawa kuka Gence, ngoba pela oMayetana beno Cakijani bati babetunywe uye. Kepa uMbuso awuvezanga luto, akukaqondakali noma uzobuye angene endabeni noma azungena yini.

## Imithetho yenkambo neyentliziyo.

### Rev. A. T. Bryant,

Copyright No. 7.

UKWONGA IMALI (Thrift.) Kepha kanti kungasizani ukuba umuntu athi ethelwa njalo kakhulu imali esandleni, ab'ey'ilokhu eyiyeka ihuluke na? Nithi nembala isandla soze sigcwale uma kwenziwa njalo? Nazi izintsizwa zakini, zil'idili-nje, zigqigqa imali emadolobheni onke lawa abelungu, kuy'ileyo ihola mhlawumbe £15, mhlawumbe £20, ngomnyaka njalo, ingani zidlule zibe othwanqu, zize zife. Imali eholwayo y'ilowo nalowo kubo, ngomnyaka umunye qhwaba, ib'ingalingana nokumthengela isinqintana sakhe sezwe, ab'engaphumula kuso es'egugile, angathintwa 'muntu, azibusele-nje ngukuthanda. Ingani uma ufika emakhaya kubo alabo'bafana, nakhona sebene'shumi leminyaka besebenza, ucinge imfuyo asebenayo, nho!, ngisho nenkuku. Ubuze kwabakubo inqwaba le yemali abayitholileyo-badimde bakhombe isisu-nje. Bayanihlephulela kodwa? Basihlephulela, pho? lokhu nonina angase acele into ykoulala, nqodo!; noyise az'aboshwe engathelanga, phezu kwabo-nje.

Nasoke isisusa esabanga umthetho wokuthelelwa kwamakhanda; ukuba uhulumeni wabona lonke untsizwana lolu lung'enzi nolunci lokusiza imizi yakubo, lung'enzi noluncl lokuphasa umsebenzi wokuphathwa kwezwe oluhlezi lubusa kulo. Ingani njalo kuy'ilo futhi ludla intokozo enkulu kulo lelo'zwe; kuy'ilo lodwa luthola yonke imali le eholwa ku'belungu; kube kutheliswa oyise emakhaya, abona bengatholi l'utho, ukuhlupheka kuphela, ingani abafana okuy'ibona bethola konke, bangatheliswa l'utho.

Kulokh'ukwenza kwabafana babantu kus'obala ukuthi entliziywen yabo kanti kuningi okung'amaphimbolo, okufuna ukululekwa. Sengathi bathiywa iyo le'ntliziyo yabo embi, ukuba bengaqhubeki, bangakhuphuki, nakhona besebenzile kangaka-ya, ngisho phela le'ntliziyo yabo yokuchitha imali nokwahluleka ukuy'onga sebeyitholile. Ku'belungu-ke akakho 'muntu othi ukuhola kwakhe imali, angacaphuni ibinzana, alibeke, aliqongelele, kuze kuthi lapho es'egugile, engasena'mandla okusebenza, aphumule ngakho, angahlushwa ukuntula l'utho, aze agoduke. Kanti nina bonke abelungu laba asebe'zimphunga, asebeziphumulela ezindlini zabo, nithi badlani, bayithathaphi imali asebe hamba ngayo, bengasasebenzi-nje? Sebehamba ngayo phela inzuzo yabo abayithola beseng'abasebenzayo. Basebenza njalo bona, iminyaka yaze yaphela mhlawumbe amashumi amathathu namane, beng'aphuli 'nyanga, baze babone ukuthi into abayiqongeleleyo is'ibalingene ukuba bahambe ngayo kuze kuphele isikhathi sabo emhlabeni; basebemonyukake esiphithiphithini sabasebenzayo baya 'kudla izinyoni emakhaya. Angithi umkhuba omuhle lona wabelungu? Pho! abantu abamnyama bangew'enze ngani. Konje imikhuba emibi yodwa eyona niyilandelayo nina. Mhlawumbe abanye bangaphendula bathi, o! kasikwazi lokho thina, isikothi labelungu lelo. Woshi! kanti abantu abamnyama bohlala bey'imiluthu phakathi kwezwe kuze kube nini? Kanti kungase kube-khona umuntu ongakwazi ukuthatha umpondo abe munye kwababili abaholayo ngenyanga, ambekele umsebenzi osizayo kangaka na? Kanti umpondo munye lo oseleyo kalingene y'ini yena ukuchitwa-nje ngenyanga na; lokhu nabelungu abaningi bengachithi imali engako ngaleso'sikhathi na? Ake nicabange. Umfana osukebeka umpondo njalo ngenyanga, angathi uba kuphele iminyaka emihlanu qhwaba, abe nemali elingene nokuzithengela ipulazana lakhe. Iya! niy'ahlulwa izintliziyo nje; kani'madoda. Ingabe niyantula isu y'ini? Ayike nantike isu:—ake nithi ngokuphela kwenyanga, khona mzukwana niholayo, nithathe umpondo wenu enizakumbeka niqonde naye eposini, nithi nithand'ukumbeka, anikhwezelwe ebhange lika'hulumeni; umlungu weposi ab'es'eninika incwadi nihambe nayo, niyilondoloze, ibe isifakazelo senu sokuthi kukhona imali yenu ku hulumeni. Kuthi ngokuphela kwenye inyanga, niphindele eposini futhi, niphethe omunye umpondo, nihambe kambe kanye nayo incwadi leyo yesifakazelo; imali ifike ilotywe kuyo, nibe senihamba nayo incwadi, nishiye imali. Leyo'mali ningaba niy'enezela zonke intsuku ngokuthanda. Ningayiyeka ihlale khona, nize niguge, uma nithanda. Noma nithanda, ningabuye nicaphune kuyo zonke intsuku, ingabe niyikhiphe yonkana kanye. Futhi, imali ningayifaka, kumbe ni yikhiphe, kuzo zonke izindlu zeposi zika'hulumeni, ukuthi-nje, imali yenu noma nayifaka eposini ethekwini, ningabuye niyikhiphe eShowe, noma nayifaka emNambithi, niyikhipe em Zinto. Ayike! abanye abesabayo imininingo yonke le edidayo yebhange, imali yabo bayayibeka ku' mfundisi wabo, abalondolozele, bayiyeke ize iqongelelane kuye; bathi mzuku begodukayo, bayithathe kuye.

UKUTYELEKA (Borrowing.) Zonke izizwe ezimnyama zas'e Yafilika zinalo'mkhuba osolekayo wokutyelekana. Sekuy'imvelo yazo kambe; intliziyo kuzona kayisavumi ukwahlukana nakho. Amabhodwe, amageja, izingubo, izinkomo, abantwana—konke-nje, imityelekwana. Umuntu omnyama uthi ukuzwa ukuntula, angacabangi njengomlungu ukuthi akazifunele okwakhe ngokwamandla akhe; acabange ukutyeleka kwomunye umuntu kube kuphela. Namhla-nje sekufike abelungu, sowubakile lo'mkuba omubi emisebenzini yonke yemali. Umuntu avelelwe icala, aswele utho, ab'es'ecabanga ukuthi woba esindile, uma es'etholile ngokutyeleka. Kaboni yena ukuthi umuntu uma ezikhipha kwelinye igebe, aziphose kwelinye, kasindiswa kul'utho ngalokho. Kaboni yena ukuthi ngokutyeleka usimz'akuqhubekisele phambili ukuhlupheka kwakhe, elungisa okunye ukuntula ngokubanga okunye. Kakuboni ngoba enjani? Ngoba ey'ingane kambe. Ehe! lo'mkhuba wokutyelekana ku'bantu abamnyama kukanye nomunye lo wokuchitha, ekade sikhuluma ngawo; kusuka kokubili entliziyweni inye yobungane; ngoba lab'abantu besuke benga kafinyelelI ebudodeni babo, ukuba baqonde kahle izindaba zokuhamba, izlwiclwici zas'ekhaya nezezwe bazi hlakaniphele zingakaveli. Ku'belungu-ke kakwaziwa ukutyelekana lokho, imvama yabo baze bafe be ngazange betyeleka l'utho, kwazis'ukuthi amadoda. Umuntu elokhu efuna ukufunzwa ng'omunye, ingane. Indoda uye lo os'ekwazi ukuzibhekela nokuzifunela. Banjaloke abelungu. Bona bayabona izinto eziyakuvela, zisekude, ngisho ukuthela nokugula nokuguga nani, baku hlakaniphele; bafikelwe into ngomso, basimze bacaphune kulokho asebabekelela. Abamnyama-ke, chithi! chithi!, kuthi lapho sebaziphundla, sebel'ihlanga lezindlubu, kufike ukuthela, kufike indlala, kufike isifo—izinto kambe ekade bez'azi ukuthi ziyeza—kube y'ikhona bethukayo ukukhumbula ukuthi ngaphane iyakuthathwaphi na? Basebethi di di di nezwe lonke leli, behloza khona lokho ongakukade kwaba-khona, kubekiwe. Ayike! aseniqalake nibe amadoda, nilahle le'ntliziyo yobungane yokutyeleka njalo, nikhumbule ukuthi ukutyeleka iyo into emshonisayo umuntu shi, kumhanqe ngamacala ndawozonke, aze ahluleke du ukuzixakaza kuwo. Okunobudoda, ukubekela. Uma umuntu ebona ukuthi uyantula utho, asuke aye 'kuzifunela ngamandla akhe, angazidumazi ngokutyeleka; ngoba khona kukanye xho nokuthayisa lokhu, intlamba.

## UPI UMHLANGANO OHLANDHLELWAYO?

Mhleli we Langa lase Natal,

Mngane,—Besilindele ukuba isaziso sokumema umhlangano endaweni yalowo owamenywa ede umgcini sihlalo kanye no Mbhali banyamalala, ukuba sizobonakala eLangeni lika April 16th. Kepa endaweni yesaziso esisilindele tina batunywa bemizi esasiyile kulowo mhlangano ka April 8th. Sesiyamangala ukufumanisa ukuti, umhlangano obuse Mgungundhlovu, kutiwa kawufezanga luto ngoba amadoda amabili abe bhekekile kawa finyelelanga. Afikise izincwadi ezibange ukuba apute. Tina batunywa nemizi esitumileyo zimbhili izinto esizilindele, eyokuqala ukunxepezisa kwabapati zikundhla ngokumema umhlangano banqume nosuku nesikati ngokuhlangana ngaso, kepa bona basuke banyamalale, manje tina batunywa bemizi size sibuye sijabhile. Eyesibili ukuba abapati zihlalo bameme umhlangano lowo owahlakazekayo, ngokungabiko kwabo.

Bekungesiyo nempela imfanelo ukuba iLanga lika 9th April, lisitshele ngomhlangano owabase Johannesburg, emva komhlangano wase Bloemfontein; kulapo wetu owamenywayo ungazanga uhlangane. Abapati zikundhla zawo baya kupata owase Johannesburg. Nalapo amagama abase Natal apatwa kona njengaba Sutu abanga kataleli luto, njalonjalo. Uma sekutule kute du nje, kasisaqondi noma umhlangano owawumenyelwe eMgungundhlovu, wapendulelwa kulowo wase Johannesburg yinina, Kositokozisa ukufumana usuku oluhlandhlela umhlangano owahlakazekayo, usuhlandhlelwa ngokutsha ngalelisonto lika 23rd. April.

C. BARLEN-DHLAMINI.
Umtunywa.

## INDHLELA ENHLE YEMPILO.

ABANTU BASE SOUTH AFRICA BAFUMANA AMANDHLA AMASHA NOKUQINA EGAZINI ELISHA ELENZIWA AMAPILLS KA DR. WILLIAMS ABOMVU.

UBUFAKAZI BWASE PORT ELIZABETH NGOKU PILISWA KWA BANTU ABABILI MUZINI MUNYE.

Isimo segazi singenza umahluko omkulu ekujabuleni nase kuhlupekeni, impilo enhle, nokuhlala kobuhlungu. Akuko siguli esinesifo esigxilileyo esingapiliswa esifweni saso ngapandhle koku kataza izito zake. Umelwe ukuba akiwe ngokusha ngoku hlambulula igazi lake. Ngoba ukulunga kwegazi ikona kulungisa impilo ngalezi zintsuku kuqondakala kahle ukuti umzimba u hlanjululwa igazi. Kulomsebenzi wokwa kiwa ngokusha yi gazi AmaPills ka Dr. Williams Abomvu, aseno dumo olu mangalisayo kulo lonke izwe, ngoba ayi mvuselelo epambili futi aka igazi. Incwadi esandu kutunyelwa ngu Mrs. B. B. Mutlow, okaya lake liku No. 10, Wasley St. Port Elizabeth, ibonisa ngo kuhle indhlela okwa piliswa ngayo, abantu ababili mukayeni munye ngamuti munye, Amapills ka Dr. Williams Abomvu. Uti:— "Iminyaka eyisihlanu ngaba nobuhlungu obukulu ngivuvuke imilenze. Njengoba ngase ngifunde ka ku lu ngemiti ka Dr. Williams Ampills Abomvu. ngaqonda ukuba ngi walinge. Emva koba sengidhlile amagabha a isitupa alomuti, nga zifumana sengipilile. Kusukela kuleso sikati angi sahlutshwa ubuhlungu nokuvuvuka. Emva kwalesi sikati indodana yami yafika ivela eKimberley, ikwelwe amatumba ebusweni, nga tenga amagabha amane Amapills ka Dr. Williams Abomvu. Manje amatumba asepele nya usepile njenga kuqala. Wayeke wa katazwa ubuhlungu esifubeni nase zinhlangotini. Mabongwe Amapills ngoba manje upilile. Ngohlala ngi watusa Amapills Abomvu ka Dr. Williams ezihlotsheni zami, futi ngiyavuma ukuba igama lami ulibhale."

Izinkulungwane zamadoda nabafazi badumisa Amapills Abomvu ka Dr. Williams abantu abapele igazi, apilisa u kupela kwegazi, ubutaka, Isisu esibi. ukuvuvuka, Ikunkulo, ubuhlungu emhlane, I St. Vitus Dance, ukonakala kwemitambo nokufa kwayo. Atengisa kubatengisi, kodwa ubize wona uqobo (Amagama aisikombisa nje ngapezulu) nxa ungabaza kubo uqobo kwa Dr. Williams' Medicine Co., Long-Street, Cape Town (Box 604,) batuma igabha libe linye ngo 3s. 3d., abe isitupa ngo 17s.